

UKulani noRisuna babengabangane ababezwana kakhulu. Bazelwe ngosuku lunye, ngakho bagubha usuku lokuzalwa ngokuhlanganyela ekilasini.

“Angisakwazi ukulinda ukuze ngivule izipho zami uma ngifika ekhaya,” kusho uKulani.

“Nami!” kusho uRisuna.

Ngosuku olulandelayo, uKulani noRisuna babedlala epaki.

“Ukuthengeleni umama wakho ngosuku lokuzalwa?” kubuza uKulani.





“Ungithengele ibhayisikili. Bengifuna lona. Wena owakho ukuthengeleni?” kubuza uRisuna.

“Ungithengele isibhelane,” kuphendula uKulani ngokuzigqaja.

URisuna wagqolozela umngane wakhe.

“Isibhelane! Isibhelane kugqokwa omama abadala, akusona esezingane!” kusho uRisuna ngokudelela.





UKulani wazizwa edumele.

“Izingane nazo ziyasina. Umama uthi kufanele sikhule sizijwayeza ukusina ngesibhelane,” kusho uKulani.

URisuna wahleka wahamba.

KwakunguMgqibelo, usuku lwamagugu lukazwelonke. Abantu bafika ehholo lomphakathi begqoke isibhelane, bebahle.

Kwaphithizela ehholo, abantu belungele umgqigqo.

UKulani wayegqamile ngesibhelane sakhe esihle, kubo bonke ababegqokile.

URisuna wazizwa edabukile ngoba wayengasigqokile isibhelane.





URisuna wabona uKulani.

“Ugqoke kahle, sihle isibhelane sakho. Ngidabukile ngoba anginaso,” kusho uRisuna, ebona umngane wakhe egqamile ehholo.

“Ngifuna ukuya ekhaya,” kusho uRisuna ngezwi elinosizi. Wayengasafuni neze ukuhlala ehholo.

UKulani waba nozwelo. Wakhuthaza umngane wakhe ukuba ahlale.

“Linda. Ungahambi, Risuna. Woza uzongibona uma ngisina!” kusho uKulani.





URisuna wabukela ngokuzigqaja uma uKulani ewushaya kahle umgqigqo ngesibhelane sakhe.

UKulani wanikezwa indondo yokuba ngogqoke kahle kakhulu! Unikezwe isigqizo sobuhlalu.

"Halala, Kulani! Halala!" kuzwakala izwi likaRisuna esixukwini.

URisuna wafikelwa ugqozi. Wafisa sengathi ngabe naye ugqoke isibhelane.





Ngosuku olulandelayo, abangane ababili babedlala epaki futhi.

“Ngiyazi ukuthi ngizocelani ngosuku lwami lokuzalwa olulandelayo!” kusho uRisuna.

“Isibhelane!” kusho uKulani, egqugquzela uRisuna. “Ukuze sigqoke imvunulo yethu sizosina sonke!” kusho uKulani, emamatheka.